# CONTENTS

**INTRODUCTION** 4

**Sabatha Ngcobo**

USiza 11

Flames of Another World 60

**Senzo Mabanga**

Inja Yenja Enjeni 120

A Bitch Called Karma 158

**Sihle Mzobe**

Ubonda 187

Ten After Five 235

**Zuzumuzi Mdamba**

Cupidity 284


**Sihle Mnyandu**

Wounds of The Past 309

**Theatre Learning** **352**


# SABATHA NGCOBO

## uSiza




Umdlalo ka Julius Caesar ohlakazwe walotshwa ngolimu lwesiZulu, lomdlalo usibeka empilweni kaSiza ngendlela ehambisana nosikompilo lwamaNguni. Lapho sibona USiza inkosi yamaloma ijikelwa abantu abasondelene nayo ize izithole isiya kwagoqanyawo ngenxa yokungayilaleli imiyalelo yesazi.

## Flames Of Another World




Set in the Abidali village of the Pakonko tribe during the Missionary times, the play takes us on a journey of a family that is broken because of the rebel wars and the violence around them. We see brother and sister having to fend for themselves while escaping the hands of the brutal Egara who forces them to flee their home after their father's death. Shaga and Bougaras fight for their lives on this griping and nerve wrecking thriller that leaves one waiting for more, seeking for answers and heartbroken due to the horrible acts that happen in it.

**Usiza** indoda ezethembayo nezigqaja kakhulu okwenza abasondelene naye bakubone njengokuzithwala. Ukungazihloniphi izimfundiso zabadala kanye nokungakholelwa ezintweni zesintu kumudonsela esikhulu isinyama, leso sinyama simuholela ekufeni, simuhlukanise nabaseduze kwakhe aphinde azithole esekhaphelwa yilabo abathembe kakhulu. Isazi simazisa ngosuku lokugamanxa kukaNhlolanja, simuqaphise ukuba aluqaphele lolo suku kepha uyahleka aphinde angayilaleli ingoduso yakhe uma imuxwayisa nayo.

**UBlutha** usondelene kakhulu noSiza aphinde athembeke kuye kumnyama kubomvu aphinde abe yibutho lika Siza elinamandla kakhulu. UBlutha yindoda enothando ephinde ifise ukunikwa inhlonipho nothando ngendlela eyenza ngayo nayo kwabanye abantu, okumphatha kabi kakhulu ukubona inkosi yakhe uSiza ikushaya indiva lokho nokuyisona sizathu esiholela ekutheni uKheshisi akwazi ukfeza uzungu lwakhe lokwakha inzondo nezifiso zokubusa engqondweni kaBlutha.

**UKheshis**i indoda enonya, enomona engabafiseli abanye abantu izilokotho ezinhle empilweni. Ubuhlakani bakhe bumenza abone ubuthaka bukaBlutha ngoSiza, lokho ukusebenzisa ngokuguqula imicabango emihle yaBlutha ngoSiza ayenze ibe ngemibi, ajike aphendule uSiza umuntu omubi emehlweni kaBlutha. Konke lokhu ukwenza ngobukhulu ubunono nobunyonico acashe ngegama lenkululeko yesizwe.

Ubudlelwane balabadlali abaqavile kuwuthatha kuwubeke ezingeni eliphezulu lomdlalo ngendlela ekwenza ufise ukuzibonela ngawakho zonke izigameko ezehlakala khona.

## INKUNDLA YOKUQALA

### Isigcawu sokuqala

*Kuselawini likaSiza ingoduso yakhe ibonakala icambalele esicephini sayo, kuzwakala amazwi avunguzayo kancane kancane aya ngokukhula, sibona uKhaliphile ephenduka kubukeka ethukile. Uyavuka ememeza igama likaSiza.*

**KHALIPHILE:**

Siza! Siza! Maye maKhalipha amahle ningibonisani na? Ubumnyama obungaka, igazi, izinyembezi kanye nosizi. Okungithusa kakhulu ukubona umjiva womyeni wami ugcwele igazi kepha yena angimuboni, kancane kancane ubuso bakhe buyashabalala kuhle kwamazolo ebona ilanga njalo mangicabanga ngaye. Oh! Ngabe muhlola muni lona enisigodlele wona.

*Uyakhwishizela ubamba uyayeka ubuya namanzi achele ilawu lonke. Elawini lika Blutha kubonakala ingoduso yakhe imile imubuka elele obude ubuthongo.*

**UMASIPHOSHA:**

(Emamatheka)

Blutha myeni wami, ezinsizweni zonke ziphelele mina ngibona wena, ayikho neyodwa insizwa emsulwa, enozwelo njengawe, uthando lwesizwe sakho kanye nenkosi yakho, kodwa ngiyesaba

ngawe myeni wami, usabela kakhulu esabelweni senkosi yakho, ungayifela imbala, nakuba ngamanye amalanga ingeneli. Uthando lwakho lunzulu kepha ubuthaka kakhulu, lokho kuyingozi ngoba abakwaziyo bangakufaka ogibeni olukudonsela ophathe ngenxa yenhliziyo yakho.

***Kuyacima.***

## Isigcawu sesibili

*Kusedolobheni elikhulu laseNatali abantu bagcwele umgwaqo kuyachwaza bebungaza intokozo yomholi wabo uSiza obuye nekhanda lesitha emuva kwempi ethathe isikhathi eside belwa namabutho akhe uPompa, kungena amavukela amise umucimbi.*

**IVUKELA1:**

Maye ngiyalingwa ngisehlane yini? Mhlola muni lo? Niyagida niyathokoza ngegazi likaPompa? Akunina ebenikhala nithi uPompa ungcono kunoSiza? Akuyena uPompoa owanisusa ezweni lezigqila?

**IVUKELA2:**

Namuhla nigiya phezu kwesilonda sakhe, nibungaza isitha sakhe esikhulu!

**IVUKELA1:**

Ningamaxoki! Nonke nisazosha ngaphansi kwesandla sikaSiza!

**IVUKELA2:**

Susani yonke lemifanekiswano yakhe lapha, asifune zindondo nemifanekiswano kaSiza lapha siphila ngemithetho yeningi lapha, lutho isabelo somntwana wamaLoma.

*Bakhipha imishiza baxosha abantu, kuyaphithizela kugcwale abantu bekhishwa ngendluzula ngamanye amavukana.*

**Isigcawu sesithathu**

*Kuzwakala ingoma izimbomu, izimfiliji kanye nezigubhu. Kungena uSiza, u-Antoni, uKheshisi, uBlutha kanye namabutho akake uSiza.*

**IMBONGI:**

Siza! Siza wena wamaLoma owadlula iGibithe wanqoba elondlebe zikhanyilanga, mnisi wemvula abanye bebiz'uNomkhubukwane, thina sisabela kuwe nkosi, owavula kaPompa kuvaliwe wabuya nekhanda, isicoco sezicubu ngezicubu bonke babuzana ngocu lwakho, mphephethwa obhozo abanye bephephethwe ekhanda mlamuli wezimpi ezahlula abadala wadal'ukuthula ezweni lokhokho sakhokhoba nejoka lenjabulo wena onyathela kuzwakale. Umehlamev'uyesabeka! Siza!

(Inhlokomo)

**ABANTU:**

Siza! Siza! Siza!

*Kuzwakala iphimbo elimtoti liqhamuka eningini.*

ICULO

"NGIYAYITHANDA LENYONI NOMA INDIZA NGAMAPHIKO NGAMAPHIKO, NGAMAPHIKO, NGAMAPHIKO"

*Kuzwakala izwi limemeza, ibutho liyasondela kuvela umuntu ogqoke amanikiniki.*

**ISAZI:**

Siza! Siza! Qaphela usuku lokugamanxa luka Nhlolanja!

*Sivinjwa izinsizwa ezimbili kepha siyadlubulundela.*

**SIZA:**

Yebo, ubani lona obiza igama lami?

**BLUTHA:**

Isazi nkosi yami size nezindaba ezishaqisayo.

**ISAZI:**

Ngithi qaphela!

**SIZA:**

Uthini lomuntu?

**ISAZI:**

Qaphela usuku lokugamanxa kuka Nhlolanja!

**BLUTHA:**

Uthi qaphela usuku lokugamanxa kuka Nhlolanja.

**SIZA:**

Ngizwile. Kuqondeni lokho?

**ISAZI:**

Wenza kahle ubuze, ngidedeleni!

*Izinsizwa ziyamubamba ziqinise*.

**SIZA:**

Muyekeleni!

**ISAZI:**

Sibonge... wena mntwana omkhulu mnisi wemvula uzulelwa ngamanqe! Ungalinge ulubhade ephalamende ngosuku lokugamanxa kukaNhlolanja, ukuthatha lelophutha kungase kube elokugcina usadla anhlamvana.

**SIZA:**

(Ehleka)

Umbhedo lowo, kuyabheda kanti lokhu. Ubani nje ongasukela mina, mushophi muni ongaziqhatha nesandla sami? Wake wezwa kuthiwa khona ohlokoloze inyoka emgodini wabuya ephila?

**ISAZI:**

Amancoko mahle nkosi yami, kepha konke kunesikhathi sako, nesakho siyeza, wolalela izazi ngoba zona zazi ngaphezu kwakho, zibone kude lapho elakho iso lingafinyeleli khona, ukuzethemba kubalulekile, kanti nenhlonipho yabadala iphilisa kade kulomhlaba wezono.

**SIZA:**

Endulo, siphila esikhathini esisha manje, isikhathi sentando yeningi, ilowo nalowo unezinkolelo zakhe, ezami ke zithi uyabheda wena salukazana sekhehla, hamba lapha!

**ISAZI:**

Qaphela! Qaphela!

*Bayasithatha isazi basikhiphele ngaphandle. USiza uyasibuka size siyosithela, akhwife aphume, zonke izinsizwa zimlandele, abantu bayaphuma, kusale uKheshisi kanye noBlutha.*

**KHESHISI:**

Sesiside isikhathi ungishalazela kuhle kwentombi ibonisoka layo, kanti nalamehlo akho amsulwa lawa aya ngokulingabaza uthando lwakho ngami.

*Kuzwakala inhlokomo abantu bebiza igama lika Siza.*

**KHESHISI:**

Mina ngiyisibuko sakho, kancance kancane ngizokwembulela konke okufihliwe ngaphansi kwezithukuthuku zemizwa yakho.

*Kuzwakala enye inhlokomo.*

**BLUTHA:**

Umsindo wani lowo?

**KHESHISI:**

Uyawesaba? Kungani uwesabe uma uyithanda inkosi yakho?

**BLUTHA:**

Mhlola muni lona ongigodlele wona Kheshisi?

**KHESHISI:**

Kungani uthobela isabelo sikaSiza kepha unamandla kunaye?

**BLUTHA:**

Iza nendaba ngize nendlebe.

**KHESHISI:**

Kudala siwa sivuka mina nawe, siwa silwela abantu bethu, sakha isizwe sikhuluma eyokuthula noxolo, zonke izimpi sizibamba nawe, ekuphi yena? Siza! Siza! Kungani elakhe igama libizwe kakhulu kunawethu kepha sidlala indima enkulu kuneyakhe kule Ningizimu? Yini lena emtoti kangaka ngoSiza eyenza thina sibukeke njengesithunzi sakhe?

*Kuzwakala enye inhlokomo lena ihamba nehlombe.*

**BLUTHA:**

Enye futhi inhlokomo, nginesiqiniseko bamuthwesa ezinye iziqu futhi uSiza.

**KHESHISI:**

Kusibekaphi lokho? Uyazi ukuthi wabusa ngokuphelele sonke sizokhothama kwelakhe igama? Siphila emhlabeni weningi, asikwazi ukuphathwa umuntu oyedwa.

*Kuzwakala izigi, uKheshisi kanye noBlutha bayabaleka. Kungena uSiza, u-Antoni kanye nebutho. USiza uthukuthele.*

**SIZA:**

Antoniyase!

**ANTONI:**

Siza!

**SIZA:**

Antoniyase!

**ANTONI:**

Siza!

**SIZA:**

UKheshisi lo angimuthembi, uyingozi. Ucabanga kakhulu kanti futhi unonya akalawuleki, ubuhlakani bakhe bungikhumbuza inyoka yase Ideni, buhle buyakhazimula kepha buholela ekufeni.

**ANTONI:**

Khululeka Siza ungamesabi kakhulu…

**SIZA:**

Ubani othe ngyamesaba?

**ANTONI:**

Nkosi yami uKheshisi iqhawe langempela, ungathembela kuye, usithanda kakhulu isizwe sakhe kwaye angasifela.

**SIZA:**

Yingakho ke ngingamethembi kakhulu, ingcono indoda esebenzela ikhaya nomndeni wayo kepha iyingozi kakhulu indoda engenalutho, akasabi ukulahlekelwa kepha angadela konke ukuze afeze izinhloso zakhe.

**ANTONI:**

Wakhulumisa okwegagu nkosi yami.

**SIZA:**

Ngiyilo.

(Ehleka)

*Uyaphuma uSiza limlandele ibutho, asale isikhashana u-Antoni amamatheke bese eyalandela.*

***Kuyacima.***

**Isigcawu sesine**

*Kuzwakala izulu liduma ngamandla kumnyama, kukhona imisindo engajwayelekile eshaqisayo. Kungena uKheshisi noBlutha belandelwe uKhasika bonke babukeka bethukile amehlo agcwele yonke indawo.*

**KHASIKA:**

Indlebe!

**KHESHISI:**

Khuluma!

**KHASIKA:**

Ewu, ubani owayazi ukuthi amazulu anolaka olungaka?

**KHESHISI:**

Ilaba abawaziyo lomhlaba ngobubi bawo, bheka nje zonke leziphepho nezihenqo, ukuduma kwezulu imisindo eshwaqisayo konke lobubi kubika into eyodwa ububi bendoda esiyaziyo sonke kepha isatshwa ukufa.

**KHASIKA:**

Kheshisi, ufanisa lelizulu noSiza? Engabe uSiza lona okhuluma ngaye?

**KHESHISI:**

Noma kungathiwa ngikhuluma ngobani....

**BLUTHA:**

Yiza nendaba mfoka Khasika silalele, umsindo wani lona obukhona emini?

**KHASIKA:**

Beningakezwa?

**KHESHISI:**

Khuluma.

**BLUTHA:**

Engabe bamthwese ezinye iziqu yini uSiza?

**KHASIKA:**

Kunjalo!

**KHESHISI:**

Ini?

**KHASIKA:**

Kunjalo! Kepha ulandule kathathu!

**BLUTHA:**

Kathathu?

**KHASIKA:**

Kunjalo, ulandule kathathu.

**BLUTHA:**

Ubani omnikeze umqhele?

**KHASIKA:**

Kungabuye kube ngubani?

**KHESHISI:**

Antoni?

**KHASIKA:**

Kunjalo! U-Antoni, okunye ke eningakwazi kuthiwa amavukana lawa avimba abantu bebhiyozela uSiza mhla ebuya nekhanda likaPompa sebedabule amafu ngenxa yokususa imifanekiswano yaSiza emadolobheni. Nisale.

*Kubonakala kungena umuntu, uKhasike ukhipha iklwa lakhe ulikhomba kuye.*

**KHASIKA:**

Imela buqamama kukhona ozayo!

*UKheshisi uyaphuthuma ame phambi kwazo lezinsizwa esezikhombene ngezikhali.*

**KHESHISI:**

Khululeka uSina lona ungumngani?

**KHASIKA:**

(Ehleka)

Siyakwamukela.

**SINA:**

Ngiyabonga.

**KHESHISI:**

Lona uKhasika omunye wezinsizwa esibambisene nayo ukuze sifeze lemisebenzi yethu yenko...

**BLUTHA:**

Uzakwethu!

**KHASIKA:**

Kunjalo.

*UKheshisi ukhipha amapheshana amabili uwanikeza uSina.*

**KHESHISI:**

Thatha lapha, lokhu uzokuphosa efasteleni lika.... bese kuthi lokhu ukufihle ngaphakathi lapho azokuthola khona.

**SINA:**

Sekufeziwe!

**KHESHISI:**

Akubenjalo.

**KHASIKA:**

Klungile madoda ayibonane.

**KHESHISI:**

Yima ungakwazi ukudla isidlo sakusihlwa nami ngomuso?

**KHASIKA:**

Uma ngisawadla anhlamvana.

**KHESHISI:**

Kulungile ngizokulindela.

**KHASIKA:**

Impela kunjalo, nisale kahle madoda.

**BLUTHA:**

Ibonene.

*Aphume uKhasika.*

**KHESHISI:**

Ibonene.

**BLUTHA:**

Kusasa udlule kumina ngaphambi kwesidlo sakho sakusihlwa.

**KHESHISI:**

Kulungile, okwamanje cabanga okomhlaba.

**BLUTHA:**

*Unqekuzisa ikhanda uyahamba.*

**KHESHISI:**

Yima, Blutha uyindoda ethembekile, ngiqinisekile ngalokho kepha likhona iqili lapha kuwe.

*UBlutha uyaphuma asale emamatheka yedwa uKheshisi.*

*Kuyacima.*

## Isigcawu sesihlanu

*Kuselawini likaBlutha, ukude ngokwemicabango.*

**BLUTHA:**

Siza. Umnisi wemvula, inkosi yami. Sesiside isikhathi sibambisene kuloluhambo silwela inkululeko, namuhla sikhululekile ngenxa yami nawe, kuningi okubi nokuhle esikwenzile senzela abantu bethu, ngikubona ngithokoze ngoba ngikubuka njengomfowethu kepha lokho kubukeka kuyize kuwe, yebo uyindoda kunzima ukulibeka obala uthando lwakho ngami, kepha lokho akubiki ukuthi kawungithandi. Sengingakunikela kalula kangaka ezitheni zakho, impela ngokwenzenjalo igazi lakho nelesizwe sethu liyobuzwa ezandleni zami, maye ngiyesaba!

**ISITHUNYWA:**

Blutha! Umkhulu wena! Uyazi nawe asihlali phansi, nakhu ke ngimatasa ngiyalungisa lapha egcekeni, nakhu sengihlangabezana nepheshana limile lapha efasteleni laselawini lakho, Nginesiqiniseko ukuthi belingekho lapha ngigcina ukulivala.

**BLUTHA:**

Akusilona usuku lokugamanxa kukaNhlolanja kusasa?

**ISITHUNYWA:**

Anginalo ulwazi nkosi yami.

**BLUTHA:**

Hamba uyoqalaza ikhalenda.

*Ethatha iphepha.*

**ISITHUNYWA:**

Ngizokwenzenjalo.

**BLUTHA:**

Ezikhathini zobunmnyama kulula ukwenza into uyhlosile ngenxa yenzondo nenkanuko yokubusa, kepha isezikhathini zesithukuthezi nokuba wedwa ezikukhumbuza ngempela umuntu ofisa ukuba uyena emehlweni abantu, unembeza unamandla ashaqisayo...

**ISITHUNYWA:**

Nkosi yami sekusele izinsuku ezimbili ukuba kugamanxe uNhlolanja.

**BLUTHA:**

Ewu, ngyabonga. Kukhona ongqongqozayo hamba uyobheka.

**ISITHUNYWA:**

Blutha!

*Siyagijima.*

**BLUTHA:**

Engabe imina ngempela lona ozonikela inkosi yakhe?

**ISITHUNYWA:**

Umfowenu uKheshisi, akahambi yedwa, uhamba nabanye.

**BLUTHA:**

Bavulele bangene.

**ISITHUNYWA:**

Blutha!

*Siyangena sibadonsa ngendluzula alandule ukubanjwa uKheshisi. Isithunywa sibuka uBlutha alandule ngekhanda sizothe isithunywa siphume.*

**KHESHISI:**

Mfowethu! Sikhulekile ekhaya lakho!

**BLUTHA:**

Obani lamadoda ohamba nawo engabe ngiyawazi?

**KHESHISI:**

Impela kunjalo, kanti futhi akekho noyedwa lapha ongalazi igalelo lakho, bayakuhlonipha futhi baziqhenye ngawe.

**BLUTHA:**

Kulungile, sondelani nonke lapha sihlangane.

*Bonke bayasondela bakhiphe izandla zesokudla bazibhekise esiphakathini.*

**KHESHISI:**

Silufunge uzungu lwethu.

**BLUTHA:**

Angivumi, lesenzo sibi kakhulu asidinge sifungo samuntu, kepha konke esikwenzayo sikwenzela impumelelo nekusasa lesizwe sethu kanye nemindeni yethu.

**MDESHEZE:**

Engabe ukhona omunye ekumele adabule amafu ngale kukaSiza?

**KHESHISI:**

Kungakuhle kube ngu-Antoni, umthanda kakhulu uSiza, ukumshiya kwethu kungasilethela izinkinga eziningi.

**BLUTHA:**

Angivumi. Ngokwenzenjalo siyobe sesivuna ukuchitheka kwegazi, uSiza simugudluzela ikusasa elihle, ngamanye amazwi sihlamba izwe lethu

ngaye, ukubulala uAntoni kobe sekusibizela izitha eziningi kakhulu.

**KHESHISI:**

Iqiniso lelo, kepha ngimesaba kakhulu, uthando analo ngoSiza luyingozi, ukulahlekelwa kwakhe kungamenza asibheke ngamabili, ukuziphindiselela kuzoguquka naye imihla namalanga.

**BLUTHA:**

Ngiyezwa kodwa angikuboni kungumqondo omuhle ukubaphambanisa nezulu bobabili ngesikhathi esisodwa.

**MDESHEZE:**

Inkunzi eyodwa ngesikhathi.

**KHASIKA:**

Kunjalo! Lelizwe elethu!

**BONKE:**

Elethu! Elethu! Elethu!

*Kuzwakala ingoduso yaBlutha imemeza, bonke bayabaleka kusale uBlutha.*

**UMASIPHOSHA:**

Sokhaya! Umsindo wani loyo?

**BLUTHA:**

Khululeka swidi lami, izulu nje kwaphela.

**UMASIPHOSHA:**

Oh! Kulungileke, kuyabanda sokhaya isicephu sishoda ngawe.

**BLUTHA:**

(Emamatheka)

Ngizokufica khona themba lami.

**UMASIPHOSHA:**

Khuluma nami sokhaya ngifisa ukungenelela kulesazelo sakho, kulamalanga ubukeka uphansi, obani lamadoda abekhuluma lapha endlini awusadli nokudla myeni wami.

**BLUTHA:**

Phosha sithandwa sami impela kuthiwa akukho ongakufihlela ingoduso yakho. Angeneme emoyeni, kepha ngiyakwethembisa konke kuzolunga.

**UMASIPHOSHA:**

Awu kodwa myeni wami khuluma nami, ngiguqa phansi ngedolo, ngikushele ngobuhle bami ngikukhumbuze nezethembiso zakho owazenza mhla uzinikela kimi, nami ngokunjalo ngizinikela

kuwe, savuma sathi akukho esiyodlula kukho sodwa kepha sizobambisana.

**BLUTHA:**

Wangehlula ke mkami, ngiyacela usukume.

**UMASIPHOSHA:**

Engabe asikho isizathu sokuba ngiguqe?

**BLUTHA:**

Phosha ngiyakwethembisa izinto ezincane nje kwaphela.

**UMASIPHOSHA:**

Khuluma nami sokhaya imina nezindonga kwaphela esizosala nodaba ngiyakuthembisa.

**BLUTHA:**

Uyangithembisa?

**UMASIPHOSHA:**

Impela.

**BLUTHA:**

Kuhle ke bengisacela ungiphe isikhashana konke ngizokwambulelela.

*Bayabambana babukane isikhashana baqabulane.*

***Kuyacima.***

**Isigcawu sesithathu**

*Elawini likaSiza, uhamba yedwa ubheka izulu.*

**SIZA:**

Uma linjena angeke ngisho ukuthi libafazi bedubinyama, libi impela lelizulu.

**KHALIPHILE:**

Ngalawo mazwi akho ngiyathemba ukuthi angeke uye ndawo.

**SIZA:**

Lutho! Ngiyahamba.

**KHALIPHILE:**

Siza! Khumbula imiyalelo yesazi, yebo ngiyazi awukholelwa kwabamanga kepha nami angizizwa kahle emoyeni, nginokuhlaselwa amaphupho amabi myeni wami, nalomoya uyangithusa. Bheka nje kuzwakale ibhubhesi libonga ngamandla lihamba emgwaqeni izulu liyaduma kwaye kuneziphepho ezigqilaza umoya, angiboni kukuhle ukuphuma nkosi yami.

**SIZA:**

Kuhle ngoba uyazi, zonke lezo zibonakaliso zishaya eceleni lapha kimi, ngiyindoda mina umnisi

wemvula, kulomhlaba ngafika lishaya umkhulungwane omkhulu kunalona.

**KHALIPHILE:**

Noma kunjalo myeni wami kodwa indlovukazi ayilutho ngale kwenkosi yayo nangokunjalo futhi nenkosi ayilutho ngale kweNdlovukazi angizizwa kahle baba. Umoya wami uphansi ngizizwa ngishiywa yigazi, ngiyakucela ukuba uhlale ekhaya namuhla.

**SIZA:**

Ukhaliphile impela mkami, ngiyabonga ngothando ongipha lona kanye nesineke sakho ngami angisayi ndawo ngizohlala lapha nawe.

*Umsondeza eduze athi uyamuqabula ezwe ngomuntu esetheleka endlini.*

**MDESHEZE:**

Siza! Nkosi Yami Mnisi wemvula!

**SIZA:**

(Umubuka ngomunyu nentokozo)

Ewu, nangu uMdesheze uyena osezobachazela.

**MDESHEZE:**

Ngibingelele nkosi yami.

**SIZA:**

Yebo.

**MDESHEZE:**

Nawe Ndlovukazi.

**KHALIPHILE:**

Siyakubona Mdesheze.

**MDESHEZE:**

Nkosiyami ngilapha nje ngizokulanda ukuba ube nathi kwinkomfa yephalamende.

**SIZA:**

Angiyi lapho Mdesheze sesibonisene noKhaliphile umkami sabona kukuhle ukuba ngingaphumi kwami namuhla.

**MDESHEZE:**

Iphutha lelo nkosi yami...

**SIZA:**

Iphutha? Okusho ukuthi akakhaliphile umkami?

**MDESHEZE:**

Akunjalo nkosiyami, ithimba belifisa ukuqoka uSiza njengomholi walo ngakho kungakuhle ibekhona inkosi yami kulolusuku oluhle kangaka.

**SIZA:**

Umkami unamaphupho amabi, ubona umbazo wami ugcwele igazi nabo bonke abantu begiya ngaphambi kwesithunzi sami.

**MDESHEZE:**

Isibonakaliso esichazwe kabi nje kwaphela nkosi yami, uma ngiyibuka mina nkosi yami lendaba. Umbazo wakho ugcwele igazi lakho olinikele ebantwini ngemisebenzi yakho yokuzikhandla, isithunzi sakho abagiya kuso ngenxa yokuvikeleka uyabasithela konke okuyingozi okusondela kubo Nkosi yami.

**SIZA:**

Wachaza. Kubukeka kungaphusile impela lokhu obukuchaza mkami, ngakho ke nginike umjiva wami ngiyahamba.

***Kuyacima***

**Isigcawu sesikhombisa**

*Kungena uBlutha, uKheshisi, uKhasika, uSina kanye nabanye bahlangane phakathi bakhombe ngesandla sesokudla benze isifungo sabo.*

**KHASIKA:**

Lelizwe elethu!

**BONKE:**

Elethu! Elethu Elethu!

*Kungena uSiza ehleka kakhulu, elandelwa uMdesheze.*

**SIZA:**

Selufikile usuku lokugamanxa kukaNhlolanja!

**KHESHISI:**

Siyakwamukela Siza!

**SIZA:**

Nami ngiyanamukela.

*Uyahamba aye esihlalweni sakhe, kungene u-Antoni babhunge bobabili. UKheshisi noBlutha bayahleba.*

**KHESHISI:**

Oh ngiyesaba, ngiyesaba.

**BLUTHA:**

Thula, usabani?

**KHESHISI:**

Kubukeka sengathi libanjiwe icebo lethu.

**BLUTHA:**

Lutho, mubheke uthokoze kanjani uSiza akasisoli nakancane, mubheke njalo ukuthi ucabangani.

**KHESHISI:**

Kungani ehleli no-Antoni? Kuyabheda mfowethu asiwachithe lamanzi ayilkho lenkukhu.

**BLUTHA:**

Musa ukuba ivaka mfowethu kade salulinda lolusuku asikwazi ukujika manje.

**MDESHEZE:**

Ubani ozohlaba kuqala?

**SINA:**

Imina.

**BLUTHA:**

Bheka nangu Antoni ehamba.

**POPILASI:**

Wena omkhulu! Wena ongangendlovu Siza!

*Uyaguqa.*

**SIZA:**

Angeke ngikuvumele uguqe ngenxa yamacala amfowenu Popilasi, ujezile yena, kumufanele akutholile ngakho ke khululeka.

*Bonke bayacothoza besondela kuSiza nezikhali. Uyasukuma uPopilasi bafihle ngokushesha.*

**POPILASI:**

Engabe ukhona omunye oneqiniso lapha elimsulwa okudlula elami?

**KHESHISI:**

Nkosiyami siyacela ukuba ukhulule uPapilasi Lina.

*Esho embamba umlenze.*

**MDESHEZE:**

Siza! Siyacela ukhulule uPapilasi!

*Esho embamba umlenze wesibili.*

**BLUTHA:**

Izwa izikhalo zethu Nkosi.

*Ethatha iklwa lakhe. UKhasika aphose okokuqala avike uSiza, eze noKheshisi aphinde avike uSiza, amuhlabe ngemuva uMdesheze. Basondele bonke bamuhlabe ngamaklwa, asondele uBlutha amhlabe.*

**SIZA:**

Blutha! Ngikuthembe kangaka, nawe Blutha! ubulala mina inkosi yakho, nawe Blutha.

*Bamphose phansi.*

**KHASIKA:**

Asibalekeni!

**BLUTHA:**

Lutho seyifeziwe injongo yethu.

**KHESHISI:**

Konke sekufeziwe.

*Kungena isithunywa siyibone lenhlekelele siphume ngelikhulu ijubane, sibuye noAntoni.*

**ANTONI:**

Maye! Mihlola mini le! Nkosi yami! Awu wathula qhawe lamaqhawe. Bangakubulala kepha ngeke balibuse, soze! Njengoba seniyifezile imisebenzi yenu yobumnyama ngiyacela ukuba niqede ngami ngawo lomzuzu.

*UKheshisi ukhipha iklwa lakhe amuvimbe uBlutha.*

**BLUTHA:**

Konke kufeziwe.

***Kuyacima.***

**Isigcawu sesishiyagalombili**

*Kugcwele abantu bayachwaza bathukuthele bagane unwabu.*

**UMHLALI1:**

Bathi asiyephi njengoba besibulalela umholi wethu?

**UMHLALI2:**

Sifuna izimpendulo!

**UMHLALI3:**

Baphi manje sidinga izimpendulo.

**BLUTHA:**

Bahlali!

**UMHLALI2**

Mina angiyi ndawo ngingazitholanga izimpendulo.

**UMHLALI3:**

Nami ngokunjalo.

**BLUTHA:**

Bangani!

**UMHLALI4:**

Thulani! Thulani uyakhuluma uBlutha.

**BLUTHA:**

Bangani, bahlali nani zingqwele ngicela ningiphe indlebe, uma ekhona umngani kaSiza ngithi kuye, uthando lakhe ngoSiza luyafana nolwami, besimuthanda sonke, kepha ngeke simuthande kakhulu okudlula izwe lethu, ngithi kuloyo obewumngani naye asimuvukelanga ngenxa yomona kepha sibone ingozi, ikhula kancane kancane. Kuyoze kube yinini kuchitheka igazi elimsulwa ngenjongo yokunqoba zonke izizwe? Kungani singahlali phansi sisebenzele ekwakheni esethu isizwe singahlukumezanga abanye? Ngokunethezeka kwethu kuleli kuyakhalwa kwamanye ngenxa yombuso kaSiza! Kuloyo othi ukufa kwakhe kubi ngithi kuye akasale esefa naye sisale thina sithokozele inkululeko yeningi, ubeziqhenya ngezwe lakhe yebo, ubezimisela yebo kepha ngenxa yenzondo nonya nokuzithwala ngiyamenyanya. Sifuna inkululeko enganabugqila. Izwe elamukela wonke umuntu ukuba abuse phezu kwemisebenzi yezithukuthuku zakhe. Ngiqinisekile ukuthi namuhla leyonkululeko siyizuzile. Uma ekhona lapha okhulumela uSiza, ngizomlinda aziveze.

*Bonke bayathokoza bejabuliswa inkulumo kaBlutha, kungene u-Antoni kanye nesithunywa bephethe isidumbu sikaSiza.*

**ANTONI:**

Bangani!

**ABANTU:**

Blutha! Blutha! Blutha!

**ANTONI:**

MaNguni nani bezizwe ngipheni indlebe!

*Bayathula.*

**ANTONI:**

Ngize lapha ngokuzofihla uSiza akukho okunye, angizanga ngokumdumisa ngoba akasona isithixo, ubumnyama obenziwa abantu buhlala nathi phakade, kanti okuhle kugcina emathanjweni ethu akekho okukhulumayo, yingakho ke kunjalo naku Siza. UBlutha omkhulu uthi uSiza ubenonya ezithwele, okubika ukuthi bonke abahamba naye banjalo, bonke banonya? Akusiye owasikhulula ebugqileni? Akusiyena uSiza owaletha izikulungwane ngezinkulungwane zamalandi ezasabalalisa umnotho wethu mhla siswele? Konke lokhu wayekwenziswa unya nokuzithwala? Ngamupha umqhele kanti waphinde wabulandula kanti ukuzithwala lokho? Ezinsukwini

zenhlupheko sikhihla isililo uSiza wakhihla esika Nandi ekhalela abantu bakhe konke lokhu kubika ukuzithwala? Kepha uBlutha uthi wayenonya futhi ezithwele, ningizwe kahle angikhulumeli uSiza kodwa ngikhulumela imisebenzi yakhe nonke eniyaziyo, ngakho ke kungani nisaba ukukhala kanye nami namuhla? Nonke lapha benimthanda ningaphoqiwe kepha namuhla nizibambile anifuni ukumzilela, isazelo siyakungikhulumela. Lala uphumule Siza naba nabantu sebelahlekelwe unembeza ze ningibekezelele inhliziyo yami ilapha ethunzini lokufa kanye noSiza. Ngizoma lapha ize ibuye.

**UMHLALI3:**

Wakhuluma Antoniyase! Lala ngoxolo Siza!

**BONKE:**

Lala ngoxolo Siza!

**UMHLALI2:**

Kumele bajeze abenzi bobubi!

**BONKE:**

Abajeze!

*Ababulali baSiza bayabaleka abantu babalandele.*

## Isigcawu sesishiyagalolunye

*KukwaMhlabuyalingana kubonakala uKheshisi kanye noBlutha, babukeka bethukile futhi bedangele.*

**KHESHISI:**

Emva kwakho konke esikwenzile, senzela abantu, sibavikela ezinjeni, namuhla ibona kanye abantu abasibeka ogibeni olusidonsela ophathe, impela baqinisile uma bethi ungabo methemba umuntu, themb'itshe!

**BLUTHA:**

Inhliziyo kuphela elaziyo iqiniso, nakuba linganambitheki linjalo, sonke siyalazi, liyasho liphindelele ukuba akusilo uthando labantu olusilethe lapha, kepha umona nezinkanuko zokwenza okubi kanye nezifiso zokubusa kubona bonke abantu.

**KHESHISI:**

Umbhedo lowo! Konke esikwenzile besikwenzela abantu bethu!

**BLUTHA:**

Iphutha lelo!

**KHESHISI:**

Akusilo! Besivikela isizwe kuyona yonke imihlola abeyigodlile uSiza, saqeda ukuchitheka kwegazi, nokuphathwa...

**BLUTHA:**

Unesiqiniseko sokuba sikunqandile ukuchitheka kwegazi? Uyazazi izigameko zansuku zonke? Umhlaba wakithi uphenduke umfula wegazi ngenxa yethu, imfuyo iphelile. Konke lokhu imivuzo yezenzo ezimbi eziholwa umona nobunja! uyinja Kheshisi, umile lapha ubiza igama lenkululeko kepha kakhukho noyedwa osabelayo ebungaza imisebenzi yakho!

**KHESHISI:**

Qaphela! Uyazi ukuthi ukuba ubunge Blutha lawomazwi ubungewagwinya?

*UBlutha uyamuhlokoloza.*

**BLUTHA:**

Silapha namuhla kungenxa yakho, ngabe uyaphila uSiza ukuba awuzange wavumela isilwane sikukhungathe!

**KHESHISI:**

Musa ukungithinta kanjena! Qaphela uzolimala!

*UBlutha umubamba ngazo zombili izandla uKheshisi, aphunyuke uKheshisi aphose inqindi alande iklwa abheke kuye uBlutha osemile kuhle kwesihlahla.*

**KHESHISI:**

Thatha, ngibhoboze! Hlaba nasi isifuba sami esigcwele ubumnyama nenzondo, kade ngakubona mfowethu ukuthi uyamthanda uSiza okwedlula mina, ngiyakunika imvume qeda ngami!

**BLUTHA:**

Beka phansi mfowethu, owakithi wena. Uxolo bengithukuthele.

**KHESHISI:**

Oh Blutha!

**BLUTHA:**

Kheshisi!

**KHESHISI:**

Ayidle izishiyele mntaka gogo, isono sami ngiyasivuma silapha namuhla ngenxa yami ngiyaxolisa mfowethu.

**BLUTHA:**

UMaPhosha akasekho emhlabeni.

*Eguqa ngamadolo, ubamba ikhanda nezinyembezi ziyageleza.*

**KESHISI:**

UPhosha akasekho, kanjani?

**BLUTHA:**

Umzwangedwa, nosizi engimushiye nalo, ngamuthembisa ngathi ngiyohlala naye kumnyama kubomvu, namuhla ngisemazweni, ngicashile ngayishiya ngemuva ingoduso yami, umntwana kaSiza uthukuthele ugane unwabu, uyasidinga lapho singakhona, ubefika imihla namalanga emzini wami, nalokho kukodwa kuwuhlukumezile umphefumulo kaPhosha.

**KHESHISI:**

Lala ngoxolo MaPhosha.

**BLUTHA:**

Vishikwivili!

*Kungena uVishikwivili aguqe.*

**BLUTHA:**

Woza nesiphuzo.

**KHESHISI:**

Mfowethu senzenjani uma sekunjena?

**BLUTHA:**

Siyaphuza.

*Kungena uVishikwivili athele isiphuzo aphuze uBlutha adlulisele kuKheshisi.*

**KHESHISI:**

Thela Vishikwivili, ngingawuphuza wonke lomgqomo inqobo nje makuwuthando lwakho mfowethu angeneli.

**BLUTHA:**

Ngiyabonga.

**KHESHISI:**

Ake ngithi ukuyonqanda amafolosi kancane.

**BLUTHA:**

Kulungile.

*Bahambe, uBlutha usala yedwa, kancane kancane bumuthole ubuthongo, kuzwakale umsindo kanye nezigi zisondela.*

**ISIPOKI SA SIZA:**

Blutha! Blutha! Blutha!

*UBlutha uyaphaphama asondeze iklwa lakhe.*

**BLUTHA:**

Ungubani wena? Ufunani lapha kimi?

**ISIPOKI SA SIZA:**

(Ehleka)

Awungiboni?

**BLUTHA:**

*Iklwa abelibambe ngazo zombili liyawa abambeke.*

**BLUTHA:**

Siza! Ufunani la?

**ISIPOKI SA SIZA:**

Izinsuku zakho sezisondele.

**BLUTHA:**

Lutho ngizophila kade mina, suka lapha moya omubi!

**ISIPOKI SA SIZA:**

Kulungile asihlangane kwaJombigazi emalangeni amabili sibone ukuthi uyinkunzi okwempela yini.

**BLUTHA:**

Awungithusi nakancane Siza, kade wasishiya wena, kanti nebutho lami likhula ngamandla.

**ISIPOKI SA SIZA:**

(Ehleka)

Vumela inyama yakho izikhulumele, fika kwaJombigazi emalangeni amabili.

**BLUTHA:**

Izobonana khona.

***Kuyacima*.**

**Isigcawu seshumi**

*Kungena u-Antoni, u-Otheveza kanye nebutho. Kuzwakala isaga sempi. Ibutho ligida ngokukhulu ukuzimisela.*

**MHOLI:**

Isilungile madoda?

**IBUTHO:**

Kunjalo!

**MHOLI:**

Ihlomile manje. Baphathi bami, izitha zihlome ziyizingovolo ziya ziyasondela kwaJombigazi, kuhle sifike kuqala.

**ANTONI:**

Thatha izinsizwa uzihole kwesobunxele mina ngizozihola kwesokudla.

**OTHEVEZA:**

Lutho, wena baholele kwesobunxele mina ngilandele ngemuva.

**ANTONI:**

Kungani ungibaleka?

**OTHEVEZA:**

Angikubaleki, ngiyakushiya, buyochitheka bugayiwe namuhla, impela inhloko izohlukana nesixhanti. Siza!

**BONKE:**

Siza! Siza! Siza!

*Kuzwakala ingoma ivungama kancane.*

***Kuyacima.***

## Isigcawu seshumi nanye

*Kungena uBlutha noKheshisi kanye nebutho labo bahlangane noAntoni ehamba noOtheveza kanye nebutho.*

**KHESHISI:**

Izintaba kuphela ezingahlangani.

**ANTONI:**

Kepha abantu bayahlangana.

**KHESHISI:**

Ibonene zinsizwa!

**OTHEVEZA:**

Siyanibona nani maxoki.

**KHESHISI:**

Amazwi abuhlungu kangaka mntwana ngi...

**OTHEVEZA:**

Usayinja namanje Kheshisi, ngiyafunga ngiyagomela elami iklwa lizobuya negazi lakho namuhla, liconse okwezinyembezi owazidalayo kubantu bonke basezweni.

**KHESHISI:**

Bathi umlomo uyadala!

*U-Otheveza uyasondela ngamandla amunqande u-Antoni.*

**OTHEVEZA:**

Uma niyizinsizwa ngempela asihlangane khona kwaJombigazi!

**BLUTHA:**

Kulungile.

*Bonke bayaphuma kusale uKheshisi kanye noBlutha.*

**KHESHISI:**

Selufikile, usuku olukhulu. kade salulindela.

**BLUTHA:**

Impela namuhla siyohlukanisa izinsizwa emadodeni.

**KHESHISI:**

Kukona konke okuzokwenzeka namuhla ngifuna ukhumbule ukuthi ungowakithi wena, uligazi lami ngiyohlale ngikuthanda.

**BLUTHA:**

Owakithi wena.

*Babamba ithambo, aphume uKheshisi, kuzwakale umsindo oshaqisayo ukubhonga kwamabhubesi,*

*izikhova kanye nokunye okuthusayo. Kungene isipoki saSiza.*

**ISIPOKI SA SIZA:**

Namuhla elamanqamu! ngidwanguza ebumnyameni ngilinde wena mfowethu, sesiside isikhathi ngihamba ngedwa kulamathunzi, fika kwaJombigazi kuphele ngawe.

**BLUTHA:**

Lutho ngeke ngife mina! Angiyindawo sala wedwa lapho ebumnyameni.

**ISIPOKI SA SIZA:**

Zikhohlise, kodwa wena uhamba nami namuhla.

**BLUTHA:**

Ngeke ngihambe ngesandla sesitha.

*Kungene uVishikwivili.*

**BLUTHA:**

Woza lapha, iklwa lami leli, ukufa sengikunqobile angisasiboni isizathu sokuqhubeka ngilwa. Igazi seligobhoze kwenela manje, ngalamazwi ngiyakunxusa ukuba ungilekelele ngiyohlangana nowakwami lapho ekhona.

**VISHIKIVILI:**

Blutha...

**BLUTHA:**

Vishikwivili, ngiyakucela.

*Uyalithatha iklwa lakhe alikhombe kuye esiswini anikeze uVishikwivili, kubonakala ngaye esondela nganeno.*

**BLUTHA:**

Uliqhawe ngane yakwethu, wangikhulula.

*Uyawa uBlutha kubonakale igazi ligeleza.*

***Kuyacima.***

**IYAPHELA**

# Sabatha Ngcobo



Sabatha Ngcobo is a professional actor, writer, director and dancer in the world of theatre, born on the 16th of November 1996. Sabatha Ngcobo is a post graduate of Drama and Production studies at the Durban University of Technology's National

Diploma. Having grown up in the outskirts of Mayville Cato Crest. Sabatha was introduced to acting at the early age of primary school where they were given opportunities to act, sing and dance in school productions, he than embarked on a journey of acting improvisations at the Mayville secondary school and later on went to change schools to Makhumbuza High School In Umlazi, the school had Dramatic arts as a subject. He was introduced to some known directors and performing in theatre festivals. Sabatha has staged two of his stage works, directed six different productions, two of which are shakespears written plays at the playhouse Drama Theatre, he has featured in a short film *"Impi Kamehlo kaboni"* by Nzuzo Zondi, "If you can't handle the heat" by the KwaZulu Natal film commission, "The sins of Gomora", Netflix movie "The Kissing Booth 2" and other screen works. On stage he has performed workshopped plays such as "Umagejageja", "Live free and library learning". Academically he has performed in "Umabatha" written by Welcome Msomi directed by Rev Siza Mthembu, "Nawe Mbopha kaSithayi" also directed by Rev. Siza Mthembu, "I" a third-year production directed by Prof D. Lutge, "Children of Asazi" directed by Lucky Gcumisa, "Ngigezizandla" directed by Sphumlile Biyela, "The prophecy of brother Jero", played a lead role of the famous villain Sikhulu on "Hawu Ndlalifa" directed by Sihle Mzobe and

many more. Sabatha Ngcobo has went on to write a short film which can be found on Youtube, the film is tittled “Life is black and white”. Professionally Sabatha has performed as lead character Sizwe on the Playhouse companies's “Sizwe's Triumph Over Sumdanger” a production directed by Mr Thabo Mnguni. The production has toured all around KwaZulu-Natal. Sabatha has also went on tour to Limpopo performing the schools setworks “My Children my Africa” playing the role of Thami Mbikwana, “Double You” directed by Musa Ntuli. Sabatha still pursues to find the growth in writing as he saw himself become the second African writer to translate William Shakespeare's Julius Caesar into a Zulu production after legendary Mr welcome Msomi’s translation of “Macbeth” into “UMabatha”. The production “USiza” is the adaptation of “Julius Caesar” which was taken by Rev. Siza Mnisi a lecturer at the Durban University of Technology who saw potential in Sabatha's adaptation. The production was one of the biggest productions in the whole department as it electrified the audiences and made them understand the history of Julius Caesar in a way that they could easily relate to.

## SPECIAL THANKS

I would like to thank the whole of the Ngcobo family and my close friends who have been with me in my journey of art, writing has been engraved in my heart at an early age, from the first words written to me by my brother Mbuso Ngcobo, words that I had to recite in a battle rap format, I was intrigued by the way it was so healing to express myself using words from then on I merged my writing with my performance and went on to do wonderful things.

My parents who have encouraged and moulded me to be the man I am today, from all the hardships and bad I have done, they have managed to help me study from the lowest grades to tertiary up until my final year. On this day I am a graduate of an education that I chose and love, an all rounded artist with great capabilities to produce more for the people around me and myself. I thank my oldest brother Major Linda Ngcobo who has always been an inspiration to me, he has played a major role in teaching me patience, bravery and humbleness.

This book publication is a gift to me, a first prize of many to come, as an actor and a writer I thank all the people who have shaped and supported me, from Thandanani Qwabe, Siza KaMnisi Mthembu,

Mduduzi Mtshali, Prof D.Lutge, Christa Biyela, Thokozani Ngcongo, Ayanda Luthuli, Khulekani Godlimpi, Lizwi Gumede, Xolani Khowa, Ntokozo Khambule, Yanela Ntshangase, Mbalenhle Ntshangase, Zamamvuleni Mnisi and Senzeka Mnguni not to forget Ezombelebele, Sihle Mzobe, Senzo Mabanga, Sihle Mnyandu, Zuzumuzi Mdamba and Mthobisi Mnikathi.

In my hometown I thank you all my brothers from, Xolani Extera Shange, Manelisi and Sphesihle, I thank you all fam.

These special thanks go to all the people we work with and the people who take their time to witness our work and buy our book, a humble thank you is in order, indeed, you are the people who keep us going. Thank you, Siyabonga!

